SA EXAM PAPERS | This past paper was downloaded from saexampapers.co.za

This Paper was downloaded from SAEXAMPAPERS

Confidential

basic education

Department:
Basic Education
**REPUBLIC OF SOUTH AFRICA**

# SENIOR CERTIFICATE EXAMINATIONS/ NATIONAL SENIOR CERTIFICATE EXAMINATIONS

## ISIZULU ULIMI LOKUQALA LOKWENGEZA (FAL)

## IPHEPHA LESITHATHU (P3)

## NHLABA/NHLANGULANA 2025

**AMAMAKI: 100**

**ISIKHATHI: Amahora ama-2½**

**Leli phepha lemibuzo linamakhasi ayi-6.**

SA EXAM PAPERS
Proudly South African

SA EXAM PAPERS | This past paper was downloaded from saexampapers.co.za



This Paper was downloaded from SAEXAMPAPERS

**IMIYALELO KWABAHLOLWAYO**

1. Leli phepha lehlukaniswe IZIQEPHU EZINTATHU:

| | | |
|---|---|---|
| ISIQEPHU A: | Indaba | (50) |
| ISIQEPHU B: | Imibhalo emide edlulisa imiyalezo | (30) |
| ISIQEPHU C: | Imibhalo emifishane edlulisa imiyalezo | (20) |

2. Phendula umbuzo OWODWA esiqeshini NGASINYE.

3. Bhala ngolimi ohlolwa ngalo.

4. Qala umbuzo NGAMUNYE ekhasini ELISHA.

5. Hlela umsebenzi wakho (uhlaka) ngamaphuzu noma ngebalazwe (mind map), ulungise amaphutha bese uyawufundisisa. Uhlelo/uhlaka MALWANDULELE umbhalo ngamunye.

6. Ukuhlela makukhonjiswe ngokubhala igama elithi uhlelo/uhlaka bese kuyethulwa. Kuyancomeka ukuba kudwetshwe umugqa phezu kwemisebenzi yonke yokuhlela.

7. Uyelulekwa ukuba usebenzise isikhathi sokubhala ngale ndlela elandelayo:

   ISIQEPHU A: Amaminithi angama-80
   ISIQEPHU B: Amaminithi angama-40
   ISIQEPHU C: Amaminithi angama-30

8. Bhala izinombolo zezimpendulo ngendlela ezihlelwe ngayo kuleli phepha.

9. Nikeza impendulo NGAYINYE isihloko esifanele.

10. UNGAZIBALI izihloko nezihlokwana lapho usubala inani lamagama omsebenzi wakho.

11. Bhala ngobunono nangesandla esifundekayo.

SA EXAM PAPERS
Proudly South African

SA EXAM PAPERS | This past paper was downloaded from saexampapers.co.za



This Paper was downloaded from SAEXAMPAPERS

## ISIQEPHU A: INDABA

### UMBUZO 1

Khetha isihloko ESISODWA kwezilandelayo ubhale ngaso indaba ibe ngamagama ayi-190 kuya kwangama-240.

**QAPHELA:** Bhala uhlaka lwendaba yakho lube sekhasini lwalo lodwa.

1.1 Umzuzu owangifaka ehlazweni elikhulu. **[50]**

1.2 Ukuphila impilo yamanga. **[50]**

1.3 Iphutha engalibalekela yilo elangifaka enkingeni. **[50]**

1.4 Indawo okhulele kuyo inobuhle nobubi empilweni yakho. **[50]**

1.5 Akulula ukungena ezicathulweni zomunye umuntu. **[50]**

Khetha isithombe ESISODWA kulezi ezilandelayo bese ubhala indaba. Bhala inombolo yombuzo (1.6, 1.7 NOMA 1.8) bese uyinika isihloko indaba yakho.

**QAPHELA:** Indaba yakho mayihambisane nesithombe/nokwenzeka esithombeni.

1.6



[Sicashunwe ku www.google.com] **[50]**

SA EXAM PAPERS
Proudly South African

SA EXAM PAPERS | This past paper was downloaded from saexampapers.co.za



This Paper was downloaded from SAEXAMPAPERS

## ISIQEPHU B: IMIBHALO EMIDE EDLULISA IMIYALEZO

### UMBUZO 2

Khetha isihloko ESISODWA kwezilandelayo ubhale ngaso kube ngamagama angama-80 kuya kwayi-100.

**2.1 INCWADI YAKOMKHULU/ESEMTHETHWENI**

Ubuzikhiphile nabangani bakho niyodla erestorenti. Uweta obenisiza uniphathe kabi.

Bhalela imenenja yerestorenti **incwadi** ukhononde ngalesi senzo sikaweta. **[30]**

**2.2 UMLANDO NGOMUFI**

Umzala wakho ongumdlali kumabonakude uSipho Mabaso oneminyaka engama-35 ushone emveni kokugula isikhashana. Njengelungu lomndeni ucelwe ukuba ubhale umlando wakhe.

Bhala **umlando ngomufi**. **[30]**

**2.3 UKUBUYEKEZA/ISIBUYEKEZO**

UMasipala wangakini ubehlele umcimbi osezingeni eliphezulu wokujabulisa abantu abadala.

Bhala **ukubuyekeza/isibuyekezo** ngalo/salo mcimbi. **[30]**

**2.4 INKULUMO ELUNGISELELWE**

Umphakathi wangakini ukumeme ukuba uzokwethula inkulumo ekhuthaza intsha nabazali ngekhono lokubhala izinkondlo.

Bhala **inkulumo elungiselelwe** ozoyethula kulo mphakathi. **[30]**

**AMAMAKI ESIQEPHU B: 30**

SA EXAM PAPERS
Proudly South African

SA EXAM PAPERS | This past paper was downloaded from saexampapers.co.za



This Paper was downloaded from SAEXAMPAPERS

**ISIQEPHU C: IMIBHALO EMIFISHANE EDLULISA IMIYALEZO**

**UMBUZO 3**

Khetha isihloko ESISODWA ubhale ngaso kube ngamagama angama-60 kuya kwangama-80.

3.1 **ISIKHANGISO**

Uvule isitolo esidayisa izinhlobonhlobo zemibhede yokulala.

Bhala **isikhangiso** ukuze abantu bazothenga. **[20]**

3.2 **UMYALEZO OMFISHANE *(WhatsApp)***

Kunezinto ongazithandi ezenzeka eqenjini otadisha nalo njengoba nibhala izivivinyo. Phawula ngalezi zinto ku-*WhatsApp* waleli qembu lenu.

Bhalela **iqembu umyalezo *(WhatsApp).*** **[20]**

3.3 **IMIYALELO: IRESIPHI**

Umakhelwane wakho ucele ukuba umuphe iresiphi azoyisebenzisa uma osa inyama.

Bhala **iresiphi** ozoyinika umakhelwane wakho. **[20]**

**AMAMAKI ESIQEPHU C: 20**
**AMAMAKI ESEWONKE: 100**



SA EXAM PAPERS
Proudly South African